

EZINGASOZE ZABUNA

IziQubulo neziNkondlo neziNgoma zoMzabalazo

Ezinye zazo sezaziwa ngokuthi
`ngezoMzabalazo`, `ngezeNkululeko`
(Struggle- and Freedom-Songs)

lezi ziqubulo nezinkondlo nezingoma
nanamuhla lokhu ezisakhumbuleka
uma kufanele
kusolwe, kukhonondwe, kukhuzwe umhlolo, kwenqatshwe, kuthethwe,
kukhuthazwane, kuhlonywe, kuhlaselwe, kulwiwe, kuxolelwane, kubuyiswane.

Siyaziqoqa ukuze nangomuso zihlale zikhumbuleka.
Encazelweni sizama ukunika ulwazi ngesimo nesikhathi ingoma eyavela ngaso
nangalabo eyavela, yachuma ngabo.

Wonke othandayo angalwelula, alujobelele loluhlelo ngokubona[©]

	isiQubulo, iNkondlo, iNgoma	incazelo
1	Wathint' abafazi! Wathint' imbokodo!	<i>Ngenye yezingasoze zabuna le - Emandulo, ngaphambi kokuthi uqale umzabalazo wokuzivikela njengomphakathi nokumelana nabacindezeli (kuze kwedlule ekufikeni kwamaBhunu namaNgisi kwelakwaZulu, okwalandelwa yiMpi yaseNcome 1838) kwedlule ezikhathini zokuphenjwa kukaKhongolose (1912) nasemiZabalazweni yoMfelandawonye (Defiance Campaign 1952) nasekuhlukunyezweni ngezikhali nangezinkantolo kwababekhuthalele umzabalazo (Sharpeville 1960, Rivonia Trial 1964) , kwedlulele ezitelekeni zabasebenzi baseThekwini (Durban Strikes 1973), iziteleka zabafundi eSoweto nakuzwelonke (1976), uDlame ("people's war", 1980-) ayisaleli le ngoma kwezihlatshelwayo kufakwana umdladla.</i>

2	<p>Zinsizwa, nithini na? Kumnyam' ehlatin'!</p> <p>Sengath' angakaphind' okaNdab' ay'hlomise!"</p>	<p><i>Emva kokuhlaselwa koMbuso wakwaZulu ngamabutho amaBhunu nabaphelekezeli bawo (1838) okwedlulela eMpini yaseNcome (Blood River), Kwakuthi uma kweseswe, kukhunjuzwane ngezihlabani esezedlula, kusinwe, kukhunjulwa ubuqhawe bazo, kulangazelelwa ukuthi iNkosi ingake iphinde iyiphake impi, ahlaselwe amaBhunu.</i></p>
3	<p>Uyadela wen' osulapho!</p>	<p><i>Kwakuyaye kuthi uma isibambene phezulu, kuzwakale abangemuva bememeza lesi siqubulo, bekhuthaza abaphambi kwabo, asebelapho bona besalangazelela ukufinyelela khona. Yizimpi ezaziphakwa yiNkosi uShaka (1818-) okwaduma ngazo lesi siqubulo.</i></p>
4	<p>Ziphi? Naziya! Uyamqal' okaNdaba!</p> <p>Sangena ngomnyama, ngomnyama kwaMthashana!</p> <p>Ziphi? Naziya! Uyamqal' okaNdaba!</p> <p>Kwakhal' inganono, inganono kwaMthashana!</p> <p>Ziphi? Naziya! Uyamqal' okaNdaba!</p> <p>Kwakhal' umagazini, umagazin' kwaMthashana!</p> <p>Ziphi? Naziya! Uyamqal' okaNdaba!</p>	<p><i>INgoma yaBaQulusi ekhumbuza ngokunqoba kwabo amabutho amaBhunu empini yakwaMthashana (1902) nokulanda kwabo imfuyo yabo ayekade eseyishaqile ayithumba amaBhunu</i></p> <p>>> ""KwaMthashana eBaQulusini. 1902"</p> <p>>> http://www.benkhumalo-seegelken.de/dokumente/Blacks-in-and-around-the-Anglo-Boer-South-African-War_.pdf</p>
5	<p>Ayihlale phansi Ibamb' umthetho!</p> <p>Ayihlale phansi Ibamb' umthetho!</p> <p>Ibamb' umthetho!</p> <p>Ibamb' umthetho!</p>	<p><i>Kwakuyaye kuthi isiviva, igaya icolisa, kuzwakale oyiholayo eseyinqanda, eyibuyisa neno ngalesi siqubulo esasishiwo kuphendulwana; ime, ihlehle njengokusho kwakhe, ize ihlale phansi nezikhali izibeke phansi „ibamb' umthetho“!</i></p>

6	<p style="text-align: right;">Molo, molo!</p> <p>Hhashi likaNongqay' Hhashi likaNongqay' Selasehlula thina!</p> <p>Nguban' owath' indlela yedlul' esangwen'?! Molo- molo! Molo-molo!</p>	<p><i>Emva kokuhlaselwa koMbuso wakwaZulu ngamabutho amaNgisi nabaphelekezeli bawo (1879) okwagcina ngokuwunqoba, kwedlulela ekuketulweni kweNkosi uCetshwayo esihlalweni, abombuso wamaNgisi base benezingqapheli zabo abasebelibusa belekelelwa yizo elwakwaZulu - onongqayi (Zulu police). Babehlekwa usulu ngendlela ababeziphatha ngayo.</i></p>
7	<p>INkosi bayibiz' eShowe Siyawufika kusasa! Bayibiza kwaNobamba Zinsizwa, salani nonyoko! INkosi bayibiz' eShowe</p>	<p><i>Emva kokuhlaselwa koMbuso wakwaZulu ngamabutho amaNgisi nabaphelekezeli bawo (1879) okwagcina ngokuwunqoba, kwedlulela ekuketulweni kweNkosi uCetshwayo esihlalweni, abombuso wamaNgisi bawela uThukela, baqhubeka bavula izinkambi zamasotsha abo nezinkantolo namajele kwelakwaZulu - neNkosi uCetshwayo bayiyizingela, belayeza ukuthi bayayifuna enkantolo eShowe.</i></p>
8	<p>We maThosh' Khomando! Siyekeleni Nithath' into yen' eniy'funayo!</p> <p>Safa saphela, we bakith' Yiwo la maThosh' Khomand'!</p>	<p><i>Kwakuvukwa ebusuku kubalekwe kuyocashwa uma esefikile eBaQulusini nakwelaseMzinyathi 'amaThoshi-Khomando' - amaviyo abamhlophe nabaphelekezeli babo begibele amahhashi, bephethe izihlonti ezivuthayo; bawuzungeze umuzi, bashaye imfuyo esibayeni, bayiqhube bedlule nayo, bawufuze umuzi, bathungele uphahla, nibone ngamalangabi nikude ukuthi sebedlule kini okwalokho. (1879-)</i></p> <p>>> <u>uMlazana kaManzini wakwaZungu 1902</u></p>
9	<p>MZulu, mXhosa, mSuthu, hlanganani! Sizolwela izwe lakithi Lona elathathwa ngobuqili nezibhamu! MZulu, mXhosa, mSuthu, hlanganani!</p> <p><i>(Muva-nje kusukela emzabalazweni</i></p>	<p><i>Ezimobeni nasezimayini (1865/1885/-) babehlabelela abasebenzi baze bathinte ezomhlaba nokuhlwithwa kwawo kubhekiwe, begqugquzela ukuthi kuhlanguwe kubanjiswane, lilwelwe izwe.</i></p>

	<p><i>wokumelana kanye nokuzama ukuketula umbuso wobandlululo nengcindezelo (apartheid, 1948-) isihaywa kuqhutshekwe kuthiwe:</i></p> <p>Hhey' Fervuti (Fostela/We Bhota/Deklerki)! Ak' uvul' itilongo! Thina sizongena, singaMadelakufa! MZulu, mXhosa, mSuthu, hlanganani!</p>	
10	<p>Belungu, phindelan' ezweni lakin' eHholand' Isitimela sesinilindele! We Hulumende, nabantu bakho, Phindelani khona le kwelakin' eHholandi!</p>	
11	<p>When the white man first came from over the seas: He had the gun and <u>the Bible</u>; And we <u>the Land</u>!</p> <p>Today: <u>We</u> have the Bible; And <u>he</u> the Land! (?)</p>	<p><i>Uphinde wavuleka amehlo umphakathi ngokuqina kwamafindo nengcindezelo, seliphinde liklaywa izwe, umphakathi usuwephucwa nawokugcina amalungelwana ayesasele, kuthiwa unikwa izabelo ("homelands" 1960-), 'oMaziphathe' emaqwaqwasini - umhlaba nombuso usale ezandleni zabacindezeli. Lesi saga esidala, sakhumbuleka, kwaxwayiswana khuthazwana ngaso ukuthi ingemukelwa neze leli cebo asebeqhamuka ngalo abacindezeli.</i></p>
12	<p>UMalum' ephephetha njengeNgisi!</p>	
13	<p>Unzima lo mthwalo! Ufun' amadoda! Thina Bantwana baseAfrika Sizimisel' inkululeko!</p> <p>Asikhathali noma s'yaboshwa Sizimisel' inkululeko! Unzima lo mthwalo! Ufuna sihlangani!</p>	<p><i>Kusukela eminyakeni yeMpi yamaKhanda (ekaBhambatha 1906-) kwedlule ekumisweni koMbuso wobandlululo weNyunyana (Union of South Africa 1910) kuze kufike eMpini yokuQala yoMhlaba (World War I 1914-) ezimobeni nasezimayini nasemicimbini eyahlukene kwakuhlatshelelwa nengcindezelo nangesidingo sokumelana nayo kubunjenwe.</i></p>

	<p><i>(Ekusukeni kwayo yayihlatshelwa kusonto-sikole nasezikoleni, kuthiwa:</i></p> <p><i>‘Singabantwana abancane abahlala ethempelini Usizi? Usizi? Usizi asinalo!’</i></p> <p><i>Bakhula nayo-ke ‘abantwana’, baphumela nayo phandle, bayihlabela, bayijobelela, yaba yingoma yabo neyethu yokukhuthazana emzabalazweni).</i></p>	
14	<p>Sizobadubula ngombayimbayi Dubula ngombayimbayi!</p> <p><i>(Muva-nje kusukela emzabalazweni wokumelana kanye nokuzama ukuketula umbuso wobandlululo nengcindezelo (apartheid, 1948-) isihaywa kanje:</i></p> <p>Bazobaleka! Sobadubula, we mame! Bazobaleka, we mame! Bazobaleka, ma!</p> <p>Sizobadubula ngombayimbayi Dubula ngombayimbayi!</p> <p>(OSibanibani) bazobaleka, Sizobathola, sizobafica! Sizobadubula, dubula, dubula ngombayimbayi</p> <p>Bazobaleka! Sobadubula, we mame! Bazobaleka, we mame! Bazobaleka, ma!</p>	<p><i>Emicimbini kudlalwa, kubuswa nasemishadweni yayincintisana imithimba ngamagama okuhlabelela namaculo, kusinwe, kubongelwane. Babefakwa uvalo okuqhudelwana nabo ngokubakhumbuza amandla kambayimbayi ababewababaza abasinda ezimpini uZulu ayehlaselwa khona ngabo eNcome nakwezilandela lapho. (1838-).</i></p>
15	<p>Ayanqikaza, ayesab’ amagwala Athi kugcono sibuyel’ emuva Qiniselani, Maqhawe Sekuseduze lapho siya khona!</p>	<p><i>Ngenye yezingasoze zabuna le - Emandulo, ngaphambi kokuthi uqale umzabalazo wokuzivikela njengomphakathi nokumelana nabacindezeli (kuze kwedlule ekufikeni kwamaBhunu namaNgisi kwelakwaZulu, okwalandelwa yiMpi yaseNcome 1838) kwedlule ezikhathini zokuphenjwa kukaKhongolose (1912) nasemiZabalazweni yoMfelandawonye (Defiance Campaign 1952) nasekhlukunyezweni ngezikhali</i></p>

		<p>nangezinkantolo kwababekhuthalele umzabalazo (Sharpeville 1960, Rivonia Trial 1964) , kwedlulele ezitelekeni zabasebenzi baseThekwini (Durban Strikes 1973), iziteleka zabafundi eSoweto nakuzwelonke (1976), uDlame (“people’s war”, 1980-) ayisaleli le ngoma kwezihlatshelwayo kufakwana umdlandla.</p>
16	<p>Baba Luthuli!</p> <p>Hhiyo, hhiyo hhayaya, hhiyo hhaya, kwenze njani?</p> <p>Baba Thambo (Sobukwe/Sisulu/Mandela)!</p> <p>Hhiyo, hhiyo hhayaya, hhiyo hhaya, kwenze njani?</p> <p>Sibulaw’ amaBhunu Sibulaw’ amaBhunu, kwenze njan’?</p> <p>(Muva-nje isihaywa kujotshelwe kanje:</p> <p>Sibulal’ amaBhunu Sibulal’ amaBhunu namhlanje!</p> <p>Baba Luthuli! Hhiyo!</p>	<p>Emva kokudutshulwa nokubulawa ngamaphoyisa kwababekhononda ngobandlulula nangengcindezelo yeapartheid eSharpeville (1960) kwaqhubeka, kwanda ukukhononda nokugxeka umbuso wobandlululo nengcindezelo yeapartheid, kubuzwa kubaholi bezinhlango zomzabalazo ngalezo zikhathi ukuthi kwenziwe njani-ke uma kunje.</p> <p>Muva-nje, emva kokuba izinhlango zomzabalazo i-African National Congress (ANC) nePan-Africanist Congress (PAC) usuzenqabele uhulumeni weapartheid (1960), kwaqhubeka ukumelana nombuso wengcindezelo nokuzama ukuwuketula ngezikhali - kungasashiwo-nje kuphela ukuthi “siyabulawa”, sekuthiwa futhi “siyabulala”.</p>
17	<p>Bahleli bonke etilongweni; bahleli bonke kwaNongqongqo!</p> <p>Hho, Baba Luthuli Hho uzothini, uzothini?</p> <p>Nangu, nangu, nang’ uMandela (uSisulu/ ...)</p> <p>Nangu, nangu etilongweni!</p> <p>Hho, Baba Luthuli Hho uzothini, uzothini?</p>	

	Bahleli bonke etilongweni; bahleli bonke kwaNongqongqo!	
18	<p>Uzungez' umuzi weny' indoda! Owakho waw'shiya nobani? Siyabuza!</p> <p>Agudl' indlu, ayasesab' amagwala! Agudl' indlu, ayasesaba!</p> <p>Amany' amadod' ayasebenz' (eThekwini)! Eyam' igolozel' int' encane kangaka!</p> <p>Uzungez' umuzi weny' indoda! Owakho waw'shiya nobani? Siyabuza!</p>	
19	<p>Hamba kahle, Mkhonto! We Mkhonto, Mkhonto weSizwe!</p> <p>Thina bakwaMkhonto siz'misele ukuwabulala wona amaBhunu!</p>	
20	<p>Senzeni na? Senzeni na? Senzeni na? Senzeni na? Senzeni na? Senzeni na? Senzeni na?</p> <p>Wenzeni na? Wenzeni na uMandela (uSisulu/... ..)? Wenzeni na uMandela (uSisulu/... ..)? Wenzeni na? Wenzeneni na?</p> <p>Sono sethu! Sono sethu ubumnyama! Sono sethu ubumnyama!</p> <p>Sono sethu ubumnyama! Sono sethu ubumnyama!</p> <p>... ..</p>	
21	<p>Nans' indod' emnyama, Fosta (Bhota)!</p> <p>Nans' indod' emnyama, Fosta</p>	

	(Bhota)!	
	Bhasobha nans' indod' emnyama, Fosta (Bhota)!	
	Bhasobha nans' indod' emnyama, Fosta (Bhota)!	
22	Shosholoza! Shosholoza! Kulezontaba Stimela s'qond' eRodeshiya!	
	Wen' uyabaleka!	
	Wen' uyabaleka! Kulezontaba Stimela s'qond' eRodeshiya!	
	<i>(Muva isihaywa kanje:</i>	
	Shosholoza! Shosholoza! Kulezontaba Stimela sas'eMzans' Afrika!	
	Wen' uyabaleka!	
	Wen' uyabaleka! Kulezontaba Stimela sas'eMzans' Afrika!	
23	Sizongen' eSouth Afrika! Uzohamba wena Fosta (Bhotha/Diklerki)!	<i>Izintombi nezinsizwa ezase zigcine zithathe izikhali zalandela abanewabo ababephumele ukuyoviva, belungiselela ukuwuketula ngezikhali umbuso wengcindezelo yeapartheid(1960-), zazifakana umdlandla zisemazweni angaphandle, zibafaka uvalo abacindezeli ngokumemezela ukubuya kwazo.</i>
	Sizongen' eSouth Afrika! Izongen' inkululeko!	
24	Awuleth' umshini wami, wena bo!	<i>ihlatshelwa kanje:</i> >> 'Awuleth' umshini wami' http://www.youtube.com/watch?v=U6jjl08BpJk
25	Lihle leli zwe osiphé lona, Somandla, Nkulunkulu wethu! Zazinhle nezintaba zakhona!	<i>ihlatshelwa kanje:</i> >> "Lihle lelizwe osiphé lona" 1999

<p>Nonyezi nesibhakabhaka. Ngemfuyo nangamasimu, Ngenzalo nenhlalakahle, Walibusisa elakithi! Nasezinxushunxushwini zonke Zokungezwani nobudlova Ezinsukwini zokuhlupheka Sicindezelwa sibulawa Welula isandla sakho Waba ngumlamleli wethu Wazigqabula izibopho! Namhla sihlangene ngokubonga Nokukutusa ngomsa wakho. Nezizukulwane ezizayo Sizifisela lolu thando! Ubhle bezwe lakithi, Uxolo nokwazisana Makwande emhlabeni wonke!</p>	<p><i>incazelo ngesiNgisi:</i></p> <p>>> English version</p>
--	--

© Imibono nemibuzo ngiyoyithokozela. Nanti ikheli lami lonyazi:
khumalo-seegelken@t-online.de

Dr. Ben Khumalo-Seegelken,
"KwaMachanca",
Alte Ziegelei 4, D-26197 HUNTLOSEN,
eJalimane/Deutschland.
Tel/Fax 00 49 - 44 87 - 75 02 85
<http://www.benkhumalo-seegelken.de/ibhaybheli.html>

Injobo enhle ithungelwa ebandla!